

Qapha Imimoya Emibi!

Iziyalezo: Yenza lesi sivivinyo endaweni ethule. Njengoba ufunda imiBhalo, zibone ngeso lengqondo uhilelekile kuleso senzakalo. Sibone ngeso lengqondo. Yizwa amazwi. Zizwe ngendlela abalingiswa abazizwa ngayo. Yenza le ndaba iphile.

❶ HLAZIYA IZIGCAWU.—FUNDA UGENESISE 6:1-6 NEZENZO 19:11-20.

Ucabanga ukuthi amaNefili ayebukeka kanjani. Chaza. _____

Ucabanga ukuthi la madoda azizwa kanjani ngemva kokuhlangana nomoya omubi, njengoba kuchazwe encwadini yezEnzo 19:13-16? _____

❷ CWANINGISISA.

Usebenzisa amathuluzi okucwaninga onawo, thola okwengeziwe ngamaNefili. Ucabanga ukuthi kungani ayenobudlova obungaka? _____

Kungashiwo ngayiphi indlela ukuthi imimoya emibi 'yashiya indawo yayo yokuhlala efanele'? (Funda uJude 6.) Ucabanga ukuthi kungani kwakungeyona imvelo, empeleni kuwukuphendukezela imvelo ukuba le mimoya ifune amakhosikazi angabantu? _____

Izenzakalo ezimbili ozifundile zikutshelani ngokuhlanyiswa kwemimoya emibi ubulili nobudlova? _____

3 SEBENZISA OKUFUNDILE. BHALA OKUFUNDILE MAYELANA . . .

Nesimo sengqondo sokonakala nesobugovu semimoya emibi. _____

INDLELA WENA OTHINTEKA NGAYO.

Njengoba imimoya emibi ingasakwazi ukuze nza abantu, yiziphi izindlela zobuqili engazisebenzisa ukuze *ikuthonye*? _____

Yiziphi izinhlobo zokuzijabulisa namuhla ezibonisa isimo sengqondo nalokho okuthandwa yile mimoya emibi? _____

Ungabonisa kanjani ukuthi uzimisele ukumelana nethonya lemimoya emibi? (*Phinda ufunde izEnzo 19:18, 19.*) _____

4 YINI EKHULABE UMXHWELE KAKHULU NGALOKHU KULANDISA FUTHI KUNGANI?

